Some historical notes and other data about Vilakazi clan; some miscellaneous notes on custom.

s494 (35) 1b K13/21 ~~AM/3~~/21 K.F. Vilakazi 1/15

1. A6akwa Vilakazi namasiko a6o.

Lena inzalo ka Vilakazi wase Swazini uyena owaqamba la6a, kungenxa yakhe uku6a ku6ekona amaVilakazi na6akwa Vilane. Uthena angafa uVilakazi amadodana akhe ehlukana ngenda6a yezimpi zase Swazini. Kwase kuvela uVilakazi no Vilane. La6a 6a amaSwazi namasiko a6o awase Swazini. Se6eqala ukwehlukana kukhona uVilakazi Mazwana uyise mukhulu uMazwana. Kukhona uVilakazi Mukhaliphe uyise mukhulu uMukhaliphe lona. Kukhonda uVilakazi Ndimande uyise mukhulu uNdimande. Kukhona uVilakazi Ndlovu uyise mkhulu uNdlovu La6a umnyombo wa6o munye 6aphuma eSwazini okwana mhlanjena ~~xx~~ amasiko a6o awasafani, njengo6a nezi6ongo za6o umaku 6ongelwa azisafani. La6a a6akulesi ~~k~~ sika Gamulakhe inkosi yakwa ~~N~~ Ndlela

2. kuthiwa umakukhulekwa Vilakazi.Binda Mphephethe, Gamansele ono6oya. 6onke la6a a6adunyiswayo oyise mkhulu. Yikhona okwenza oVilakazi Binda 6afuna ukumuphika uVilakazi Mukhali6e. La6ake 6akaBinda 6asayigcina yonke imikhu6a yokhokho 6a6o. Umntwana omncane ezelwe akapheshetwa, akagundwa akasiwa ekha6onina ~~uma~~ ukuthi unina kamakoti usazala usena6antwana a6ancane. Uma eyakunezithelezi amukiswa zona ukuze aqine angathi uma6ehlangana umntwana wentombi nonina afe owentombi elekwe isithunzi salona kanina.

Uma umakoti esenengane encane kula6a ~~kx~~ 6akaBinda akayi esi6ayeni ngo6a izinkomo ziyamikis~~e~~lwa ngezintelezi ezimbi ezingalimaza unina naye umntwana. Kufuneka unina nomntwana 6aqiniswe kuqala kade 6akwazi ukungena esi6ayeni.

3. Njengo6a phela leli kuyacatshwa kulona, umfazi eye emufuleni aka6ukhiphi u6ulongwe. Futhi umufazi o6elith~~e~~le engaka~~q~~iniswa akangeni ayo6ukhipha uyaye an~~x~~use izingane uku6a mazimukhiphele noma acele enye njena inkosikazi uku6a imusize aze ayisize naye uma isemika6i. Uma izinkomo zidla okhalweni owesifazane akazida6uli phakathi. Uyaye agege noma acele a6afana uku6a 6amukhuzele izinkomo ziye nganxanya kande endlule. Owesifazane uma ekhulelwe noma enengane encane akaze aya ukuyolinda izinyoni emasiminil Yingo6a naseMasimini kuyavalwa, futhi ukuze ku6ekhona

MBM /ukudla................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ukudla kuyakhandwa ngamafutha omuntu omnyama. Kodwa ukudla okukhandwe kuyingozi ngo6a umuntu angekutshontshe kungamu6ulala esiswini. Kufuneka kuze kuvulwe a6anumzane, nayizona izinyanga ezelapha ukudla.

4. Uma owesifazane egenile ensimini nengane kungakavulwa ingane iyafa. Kodwa uma esheshile ukuphuthuma izinyanga zokumela ukudla ziyamusiza masishane futhi aphile kahle umntwana. Umthetho wama Binda olindile emasimini akuswelekile uku6a adlele ensimi. Kufuneka aphumele ngaphandle kwensimu ahlale phansi adlele ·khona. Uma edewadla emile izinyoni zinga6e zisavimbeka. Yingako izingane ezincane zingavunyelwa ukuyolinda. Kulinda izalukazi nezinganyana esezinkulu ezazilo muthetho. Owesifazana akayidli inyama yenyoni ngaphandle koku6a esekhulile sekuyisalukazi. Kodwanazo izinamadoda aziyidli kuze kufe amadodalawo Umvemve namakhehla awawudli, udli izalukazi. Ilulwane nempundu yenkomo noma eyembuzi noma eyemvu a6ase6ancane a6ayidli idliwa izalukazi namakhehla. Uma omncane eyidlile a6ayisikhohlwa ozele emini futhi.

5. Ukuhlonipha kwa6akwa Vilakazi.

Kulokukwasuka ku Mahlasela indodana kazi Zikhali oyena wamisa lesisifunda asekuso nanamhlanjena amaVilakazi amakhosikazi ayahlonipha noyise a6angasekho. Uma intombazane izogana kulona ka Mahlasela iqala ngokwembeswa. Yembeswa uyena umkwenyana ngeshumi losheleni. Uma seyembeswe inikwe xxxxx isikela loku sikela umuzi wayo. Liyathengwa isikela leli. Uma intombazane seyembesiwe ifaka ezinde izingu6o ihloniphe futhi a6asemuzini. Iyayithenge itshali ngeshumu lokuhlonipha a6asemuzini. Iyithi uma i6a6ona a6asemuzini icho6ozele yesa6e impela, inga6a beki. Futhi ivama uku6a 6alekela uma i6a6ona. Kuzothi isekhona ku6o ekhaya icu6uze ngamavovo nange zithe6e. 6ese igayanotshwala i6ize a6ase khakhayo 6azophuza. A6asemuzini ayi6a6izi ngamagama iya6ahlonipha.

6. Uma isishadile ayiyingasendaweni kayise. Noma kwela into iyathumela izingane uku6a ziyiyele kuleyondawo. Umakukhona ukuxa6ana enganeni nakumakoti ingane i6alekele indaweni kayise

MEM /ngo6a..................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ngo6a yazi ukuthi umakoti akayi ngakuyo. Umakoti akayishayi ingane kukhona a6adala. Uyathula 6ahambe 6onke 6ayophuza utshwala. Kuzathi uma ese6ona ukuthi 6asele 6odwa 6ese uyayi6amba uyayi shaya. Umakoti akavunyelwe ukuthetha emuzini esandofika. Amasi akawadli uze anikwe inkomo yamasi. Usezolanda ukhezo lokudla amasilawo. Uma esethole umntwana wokuqala ulanda x imbeleko ku6o yalowo muntwana. Imbeleko kuvama uku6a yimbuzi. Uzothi angakhula lomntwana umakoti usezo6ona naye ukuthi useyinkosikazi manje. Uma engenamntwana uhlala ngokuhlupheka nangokwe thukwa kuthiwa inyumba axoshwefuthi. Umfazi umakukhona into ayonile

7. wephula umuthetho wasemuzini uyahlawula ngezimbuzi noma ngenkomo. Kuyaye kuyengecala elenzileyo. Lezizinto zokuhlawula uzilanda ku6o.

<u>Impinda:</u> Impinda imuthatha amasonto ama6ili noma amathathu unkosikazi. Uhlala inyanga i6eyinye ekhaya ngisho emuzini 6ese uphinda impinda. Musukwana ephuma empindeni usezokuza na6aningi 6emuphelezele 6etwele utshwala. Se6ezofika na6o, kuphuzwe izinsizwa.naye umkhwenyane 6alamuze kuze kuse. Sezizohlantshiswa izintombi imbuzi. Kuzakuthi umaseliyoshona 6ese ziphuma zihamba ziya emakhaya. Zihamba nezinsizwa zeshela. Umakoti usesala yedwa manjena akasenayo nempelesi. Noma umakoti eyophuca umntwana uthi uma ese6uya a6uye notshwala. Uphelezelwa izintombi azifiki emini zifika lishona emuzini zihamba naye umakoti.

8. <u>Umakoti emuzini</u>

Kuthi uma umakoti eseqede ukwa6a ku6uthane a6azalali 6akhe umakoti na6akhe umkwenyana ekhona umakoti nomkwenyana. Sekuzokuthi a6aku6o kamakoti 6asho 6onke u6uthakathaka 6ukamakoti. Na6aku6o kamkwenyane 6a6onge. Kuthi umase6ezohamba 6acele uku6a a6aku6o kamkwenya 6a6a phathele kahle ingane ya6o. Izintombi seziyovuka ekuseni zilungise indlu kamakoti, ziyotheza. Uma izintombi 6azivumele zatheza umkwenyana usezokhipha imbuzi yezintombi. Uma zingathezanga imbuzi ayiphumi. Kuzothi umasezi hamba 6aziphelezele 6azi6eke endleleni naye umakoti u6aku6o la6o ephele zela a6aku6a. Kuthi uma se6e6uyile sekuzongena izalukazi zaku6o

/kamkwenyana.........



Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s494 K13/21 4

kamkwenyana zizo6ona umakoti. Sezizomuncokolisa zithokoza. Kuzakuthi umaseziphumile kungene izingane ziculele umakoti nezintombi kanye nezinsizwa. Umakoti usuke esenempelesi yakhe.

9. Kuzakuthi ekuseni umakoti avuke nayo impelesi yakhe kungakasikahle 6ashanyele i6ala lase mzini. Se6ezo6uyiswa kuthi a6ayeke seku6ona kele ukukuthala kwa6o. Usezothatha umbila umakoti nayo impelesiyakhe 6awugaye 6aqothe impela. Umbila u6amuningi ugcwale isihlelo esikhulu. Mhlambe agaye izihlelo ezinhlanu. Usezohamba eyokukha amanzi 6alungise nokudla. Umakoti usezophakelwa izingane zakwakhe okufanele eziphakele. Izingu6o zikamakothi kufuneka zi6ezinde futhi athwale isigqoko ekhanda, ahambe ngokuhlonipha ekhaya. Uma ehleli kufuneka ahlale ezothile aka6abeki a6antu uze atshwayele kuqala. Umakoti esafika akangeni esi6ayeni noma efuna u6ulongwe. Umakoti nomyeni wakhe 6aya hlanganiswa izinyanga ukuze 6angaphuzi ukuthola umntwana. Umakoti uyanukiswe izinyamazane zaku6o kamyeni ukuze namadlozi angamxhwayi.

10. Umunye umthetho a6afana 6ezinkomo a6a6uyi no6umba 6alulethe ekhaya. Uma umfana e6uyenalo izinkomo zida6uka imi6ele zonke ezisengwayo. Okunye a6afana a6azilethi ekhaya iziswebu zenqo-nqodwane nencencane ngo6a zi6anga izulu ekhaya. Kuthe namadle6e ekade 6edlala ngawo 6awashiye khona ehlane ngo6a a6anga izulu ekhaya. Uma izulu li6afumanise ehlane liduma 6aye 6akhe uhlanguhloshane ukuze 6aphephe. Umakusengwa kuthathwa amagula asiwe esi6ayeni, namathunga kwethelwe khona esi6ayeni. U6isi alusiwa ekhaya ngaphandle ko6isi lwethole. Umalizophekwa kuqalwe kuthelwe amanzi kulona ukuze kuthi nomalucitheka kungashi inkomo kanti kushe amanzi. Amasi amadoda amasi amathole. Noma kuzokweziwa umuthi kusetshenziswa u6isi lwethole. Igula alithululwe lonke ngo6a kuzokwephuka inkomo. Kufuneka kusale okuncane eguleni umakunge njalo kufakwe umulaza noma amanzi enguleni.

11. Ukufukama.

Ukufukama umakukhona oshonile kundlela ziningi, nje ngokufukamela e6elethile. Umakushone umuntu omdala kuyafukanywa. AmaSwazi akwenza kanjena kuyayeku6ikelwe umundeni ukuthi u6ani

MEM /ugula.................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ugula ka6i impela. Sekuzo6uthana izihlo6o zalowo x muntu
zizom6ona kuzakuthi umaku6onakala ukuthi ku6i sekuzosala a6anye
6ahlalise ogulelwayo. 6azomusiza ngemithi, nangokumunukisa
e6usuku uma ukufa sekuvuke ngamadla. Lona ogulayo yena ulaliswa
yedwa ngalena ku6ekhona omudala oyena aseduzane kwakhe oyigazilakhe
njengonina. Uma ukuthi akananina kuthathwe udadewa6o osemudala
12. ku6e uyena omusizayo. Nesidumbu siphumele kuyena futhi. Umuntu
osemncane akathathwa ukubasoba umuntu osephansi kokufa ngo6a
uyokwethuka uma usuphuma umuphefumulo. Kufuneka omudala
oye6ekezela noma usuphuma umuphefumulo. Umuntu oyigazi lakhe
ufuneka ukuze angameleki ngemithi njengo6a a6anye 6ayasizakala
uma kugula umuntu 6amuqedele. Kuloku kwasuka ku6a6a uMahlasela
umuntu ongeyena owakwa Vilakazi akangeni kogulayo ngaphandle
umalowo muntu kuyiyona Nyanga. Izingane azivunyelwa ukungena
esidunjeni somuntu osephezu kokufa nezingane zakhe azivunyelwe
ukungena kulowo ogulayo.

13. Kuzwakhala nga6adala ukuthi ukufa kunjani. Izingane xxxkx
azitshenwa ukuthi kunjani. Kuye kuthiwe kunjalo yena. Umazise
muse6enzini kuthiwa uyagula kunga6atshazwa ukufa. Kuzakuthi
umasekuku6i impela kusale a6adala kuyena ngo6a a6ancane 6ali6ala
ukukhala. Uma esehambile kuye ku6izwe nezingane zakhe zizomu6ona.
Zimu6ona njalo kukhona a6adala a6afukemeyo. 6onke 6alusizi
6ahleli ngaphambi kwesidumbu. Sekuzo6ikelwa zonke izihlo6o zakhe
ukuthi usehambile. Amadoda awangeni esidunjini konke kwaso
kwenziwa a6esifazane. A6esilisa 6angena umase6emuthatha 6emusa
emathuneni. Yi6ona 6esimbelayo isidumbu. 6onke a6akulewo muzi
14. 6azozila ngenzila inzila isidwedwe esimunyama. Izintombi
azihlangani namasoka. Izinsizwa kaziyi ukuyokweshela. Akuculwa,
akusinwa, akugundwa ekhanda, akujatshulwa njalo kuhleliwe ngosizi.
Kuzakuthi emvakwenyanga izingane nezinsizwa 6akhumule 6ona.
Amakosikazi awakhumuli kuphela unyaka kande akhumule. Uma
kukhunyulwa kudliwa amakhambi.

Ukufukamela ozo6eletha.

Kuthi umasekusondele izinyanga zakhe ozo6eletha azise unina

MRM /wendoda.............

wendoda uzohlala elindele. Usezokwazisa naye izihlo6o zakhe. Kuthi umalifika lelosuku. Unina usezokwazisa 6onke a6afanele.

15. A6afanele izihlo6o zakhe umakoti nezomkwenyane. Akusa6izwa njengokuthi lona umakhelwane wami. Futhi a6aningi a6antu 6aye6angazi ukuthi uya6eletha umakoti. Kuyekuzwakale ngokuthi use6elethile umakoti. Kuyesatshwa ngo6a kuthi kukhona a6athakathi a6azomu6ulala. Uma kulikhuni kukhona amakhosikazi akhiphelayo. Imali ehelwa ilamakhosikazi u £1 manjena. Kuqala kwakuyimbuzi noma imvu. Imakungenjalo ishumi losheleni kuphela. Amakhosikazi amu6elethisa wona ahlatshelwa yona imbuzi noma imvu. Lona okhiphelayo uyafake isandla izwe ukuthi umuntwana umikanjani. Uqala ngokugeza izandla azisimele ngensipho ukuze zishelele.

16. <u>Uku6elethisa kwamakhosikazi.</u>

Amakhosikazi awamu6elethisi kahle umuntu ngo6a anomusindo. Kuthi amuzondayo amushaye athi maka 6elethe. Uya6oshwa okhalweni ngentambo nomangomudweshu. Uma esehlule kulikhunu 6eseku6ongwa amadlozi. Kuzophuma esidala isalukazi sikhulume namadlozi. Kuzokuthi umakuli kuni futhi 6esekulandwa amakhosikazi akhiphelayo wonake ayakwazi ukuzwa ukuthi umntwana umikanjani esiswini. Umakuvuma asazo umukhipha umntwana. Uma kulikhuni sekuzolandwe izinyanga eziphatha umuthi woku6elethisa. Umuthi omuhle eku6elithiseni isihlambezo. Inkosikazi iyasiphuza icathe ngaso futhi aze aphume umntwana kulemi zamo. Uma ephume asaphila

17. sekuzofunwa izinyamazane zokunukisela umntwana kunqunywe nenongo yomuntwana ngezinyamazane. Nonina usezonikwa imbiza yokukhipha igazi nomulezane. Usezofukama engaphumi endlini amasonto amathathu. Kuzothi musukwana ephumela phandle anukiselwe futhi umntwana. Akaphumeli phandle ekuseni umntwana uze akhule a6emukhulu ehlala, noma eseqala ukugijima umuntwana akakhishwa ekuseni. Kwesatshwa umubulelo ukuthi ~~xxxx~~ uzoweqa umuntwana. Kunjenge zinyamazane ezingolunye uhlo6o ziyamulimaza umntwana. Umntwana akayi eningi la6antu. Umakufika umuntu ovela eningi la6antu uqala ngokugeza kande amuchathe umntwana. Ophethe izinyamazane ezimbi uma engena lakukhona umntwana uqala

MEM /ngokumunukisa.........

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ngokumunukisa umntwana. Kuzokuthi oбelethile athunge ixhama
18. lokuziбopha isisu ukuбa sinciphi futhi x siphindele endaweni yaso esemikahle engakakhulelwa. Kuzakuthi uma esesiбona ukuthi sesilungile alikhumule ixhama. Amasi uwazila inyanga eбelethile. Umntwana ukhuliswa ngencumbe yamaбele nangamasi. Kuthe uma eqede unyaka useyakhishwa eбele. Ukukhishwa kwakhe kwenziwa njena kuthathwa indlaka inidwe ezingonini zeбelelika nina. Kuzothi uma esefuna ukuncela ezwekuбaбa. Usezoyeka ukuncela. Umntwana ukhishwa umase kuzoбekwa omunye umntwana. Noma esekhishwa umntwana ufunelwa inyanga yokumunukisela x iminike nezimbiza zokugeza ngaphakathi amasikanina.

19. <u>Ukucitheka komuzi ka Zeyizana Kumalo.</u>

<u>Uzeyizana</u> wavelakwa<u>Zulu</u> kuthena ngempi <u>yeziqhoza</u> yena waye ngaku <u>Cetshwayo.</u> Kuthena ukwehlulwa kweka <u>Mбuyazi</u> akaбe esathanda ukuhlala kwa<u>Zulu</u>. Wayeyiqhawe u<u>Zeyizana</u> elikhulu. Usitshena umfowaбo u<u>Gajana.</u> Usethi, "Wena kaбaбa asiwele u<u>Thukela</u> ukuze siphumule. Usevuma u<u>Gajana</u> бafuna isulokuwela emaziбukweni ngoбa inkosi yakwazulu yathumela ukuthi makugadwe amaziбuko wonke. Seбesuka eбusuku kulelwe nomuziwaбo. бoбaбili бaбezele. <u>Uzeyizana</u> waye namakhosikazi awu 15. Inkosikazi yakhe kwakuwu ka <u>Solungisa</u>. u<u>Solungisa</u> wazala inkosana ka <u>Zeyizana</u> u u<u>Moyeni</u>. Kuthena endleleni бaбona sekusa. Usethi u<u>Zeyizane</u> kuhle kungenwe ehlanzaneni kugcwashwe khona. бangena neбala бacwashakhona.

20. Kuthena бecwashile kanti seбasondele eziбukweni. Seбemuбona laбa agadile. Kwase kusuka enkulu impi kulaбa aбagadile nekuyena <u>uZeyizane</u> nomfowaбo u<u>Gajana.</u> Kufumaniseka ukuthi бayamazi <u>uZeyizeni</u> ukuthi uyiqhawe бamuvulelela. Wawela emini kwelingendla iziбuko. Uthena uma esese<u>Manyiseni</u> wafumanisa aбa<u>Thembu</u> wayesekhonza kuбona ngokuбona ukuthi u<u>Zulu</u> uyamulandela. Isimuthola inkosi u<u>Nodada.</u> Idada elibula amanzi. Usehlala useze emenza induna yakhe u<u>Gajana</u> u<u>Nodada</u>. Wayeqode ukuka u<u>Zeyizana</u> waбona ukuthi unolaka kakhulu futhi unamandla hlezi alingise u<u>Mzilikazi</u> ku <u>Tshaka.</u> Lamadoda amaбili akwa <u>Kumalo</u> aбanomuzi omkhulu ngaphesheya ko <u>Tukela</u> e<u>Manyiseni</u>. u<u>Gajana</u> yena enamakhosikazi

MEM /alishumi..............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

alishumi. Ngempi yase Sandlwana uZeyizana walwisa okwebu6esi.

21. Kwathi noma ethi uZulu mu6ulaleni uZeyizana nangu lapha ekhona kwaku6e 6amu6angile. Kwathi no Gajana walwa njengaye umfowa6o. Kwathi indodana ka Gajana yafelalapho iyayiyi qhawe negagu. Kwakuwu Mzila. Kuthena ngokufa kwayo no Gajana waziphosa esezi6ulala. Kuthena a6anye 6e6aleka yena wasala namachunu. Ukufa kwakhe nokufa kuka Ga6angaye inkosa ka Phakade. Uthena u6a6oneloku uZiyezana wafikelwa usizi olukhulu. Useyekakonke emuka nomuzi wakhe noka Gajana 6azokwaka kwelika Mngayi Kunene. Izimpi azilwa esese6a Thenjini walwa nama6omvu. Kuthena ngeyokuqhala ehlulwa Ama6omvu inkosi yase umuxoshisa izinkomo ngo6uqhawe 6akhe. Lapho wahla6a amadoda alala ucaca phansi, walwisa okuka Nozishada ngimpi ka Dingane no Mpande. Kwathi uma esedakiwe igazilamadoda esekhathele wa6onakala ewaphansi. Wasizwa uDu6ane Mpungose 6enendodana yakhe uMoyeni. uMoyeni

22. wafela lapho. Kuthena futhi kweyakwa Sithole wahla6ana ngamadoda awu 5 kuqhala. Kwathi futhi indodana yakhe uThulani eyayi liqhawe yafela kuleyo yimpi. Kuthiwa uZeyizane wayesemudala amandla engasekho esewuhlanyafuthi 6athutha 6anke inzalo ka Zeyizana neka Gajana. Kwathi uNtatshana na6anye 6akayisi 6akha kwa Thelaphi. Lapho 6afumanisa amaRoma 6ase6ekholwa 6a6a amakholwa naye uZeyizana wa6a ikholwa. Kodwa kuthiwa waphuma ekhaya njengomuntu oyemuse6enzini akamange esa6uya kwelase Kimberley. Kwathi kuwona amadodana ka Gajana no Zeyizane kwakhona ukunukana okukhulu kwenza uku6a ehlukane kwangena umkhuhlane waziqeda izingane na6adala. Uku6aleka kuka Shushu indodana ka Gajana yabeka enkuthu ngasondini lapho kugcwele khona a6akwaKumalo.

23. A6a6aleka kuqala 6amushiya uZeyizana 6eno Gajana. Wafakanjalo umuzi ka Zeyizane 6enomfowa6o. Namhlanjena sekukhona ingcosana seyathutha futhi nayo kwa Thelaphi emaRoma. Isikuleli lika Mngayi. Kuthena khona lapho yaxa6ana amadodana ka Zeyizana. Kuthena uMendlalelwa wazenza omkulu kuno Damane manjena wa6aleka uDamane ngo6a 6engasahlelisene kahle ekhaya walandela amadodana ka Gajana. Kwathi naye uMendlalelwa usesuka kwasi Gwaje kaMngayi

MEM /Usekhuphuka.............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

usekhuphuka ezangasempungwini. Uthena uma efike khona eseба inkosi. Usethola amaNgwane amaningi ayehamba noBudlela. Kuthima angafa uBudlela aphela emangwane asekhonza kuyena uMendlalelwa Kumalo sandake isizwe xx sika Mendlalelwa. Kodwa kuthena

24. ngokungaбi nandawo amuchitha amaBuhu emaphulazini. Uthena efe, wafa esenegcosana yaбantu. Okwanamhlanjena ingcosana yaбo laбa бaka Kumalo aбashiywa uMendlalelwa. Kwelase Manzimanyane nasesi Kobalini endaweni yase Dannhauser. Laбa aбaseManzimnyama seбathenga indawo yaбo. Uthena ukuбa afe uMendlalelwa kwasala uSheshe indodana ka Mendlalelwa yona yakwela uNdi.

Impi kaMandlalelwa noBudlela: Kuthena ukuбa uMendlalela asuke kwala kwa Mngayi waziphonsa kuwona amaNgwane endla neKunzi ngase Kuphe. Lapho yadumelana impi. Phela laбa бakwa Kumalo бanemilingo eminingi, futhi бayalwa impela. Kwathi kanti бayihlanzana elincane amaNgwane бawehlula. Kuthena umaбewehlulile.

25. Useбaбaleka uBudlela eziphonsa kuma Hluбi eMphushini kanti uyazondana nawo amaHluбi. AmaHluбi wona awasaбuzi asemudumela ngezikhali esemuбulala. Uthena uma afe amaNgwane aбona ukuthi amasizo awekho kungcono kona ukujoyina amaKumalo kunama Hluбi ngoбaseбeбaningi aбantu бamaNgwane бeбulawa amaHluбi. Kuthena khona lapho amaHluбi naбakwa Kumalo aбahlalisana бahlala ngokulwa njalo njena. AmaHluбi ayenamandla kunama Kumalo. Futhi amaHluбi ayemaningi kunamaKumalo. Uthena ngokuбona loku uMendlalelwa naбakwa Kumalo wemuka kwelase Kuphe. Kuthena ngonyaka asuka ngawo laleqoбe kakhulu izulu ukudla kungekho nezinkomo zafa kakhulu.

26. Kwafa naбantu uqoбo amaNgwane wona awahambanga no Mendlalelwa asala. Kuthena uma eselapha eManzimnyama akaбe esaphila kahle. Kuthena noma efuna izinyanga zokumusiza kwafumaniseka ukuthi impi ayisekhokahle. Okokuqala phuzu kohlupho lwama Hluбi, uthena eseseKuphe uMendlalelwa wafelwa amakhosikazi akhe amaбili kwasala aбama 5. Kuthena ngempi yokugcina yamaKumalo namaHluбi impi yadumelana kanzima kwaze kwafa indodana yakhe uMendlalelwa uNginginyana. Uyena owaye yigoso lempi, eyinkosana futhi ka Mendlalelwa. Yikokonke okwenza uMendlalelwa aphele amandla бese

MSM /engenwa.................

engenwa umukhuhlana. Uthena esuka emaNzimnyama kwaseku uSheshe ophethe. Wafela empepheni uMendlalelwa.

27. uSheshe yena wayezwana nenduna yakwa Ndlela uMahlasela. Kuthena langalinye eyamaHlu6i yamulandela uSheshe. Usecela k uku6a induna yakwa Ngwane ka Ndlela imelekelele. Usevuma uMahlasela. Kuthena ngempi yokuqala eya6ambana ngakwa Siwangu ehlulwa amaKumalo Kwazisa ukuthi a6akwa Ndlela 6a6engakafiki. Kuthena uku6a ama-Kumalo ehlulwe a6aleka adundu6ala iKelabasi. Kuthena uma esenta6eni asehlisa amatshe. Kwakuse6usuku futhi. Athi ngoku6onaloku amaHlu6i aphinda emuva. Kwathi ngomshado wakwa Jele ka Ndlozi kwamenywa namaNdlela. Eyakwa Ndlela isihlangene neyawo amaKumalo yayiholwa uVaha umfoka Zikali wakwa Vilakazi. A6azange 6aye kulowo musindo.

28. AmaHlu6i athi ngoku6ona nawo ama enta6eni ngakwa Bili. Kuthe uma isisho iziga eka Vaha isiviva. Yasuka neyamaHlu6i yahlanga-6ezana emufulaneni wakwa Bili. Ilanga lase li6antu 6ahle. Sekusuka imbongi yempi yakwa Ndlela uVikinduku yena 6elu ka Zikali. La6a 6akwa Vilakazi 6aka Zikali kwakungamashinga. Kuthena uku6a a6ongele uVikinduku a6ize inkosi uMukhakanyeki. Asondela amaHlu6i. Use6onga. Uthi:-

Uda6ula amanzi nezindlela
Ududuza amadoda asale eli6e.
Owele ngezintu6a zonke oka
Binda Nsele, wena ka Nda6a.
Ofukethe inqa6a enzima, waze
Wayiwisela ngaphesheya koMnzinyathi,
Undlela, uNdlela uhlezi umangele.
Oweze izingane nonina uMzinyathi oka Nda6a.

29. U6onganjena impi isiphakiwe. Kuthena eqeda uku6onga yase idumelana. Yakhuhlana umuzuzwana kuthena sekuku6i impela yadudulwa eyakwa Ndlela na6akwa Kumalo. Kwazisa ukuthi uVaha wayesayilinga impi yamaHlu6i. Kuthena uku6a ihlehle eyakwa Kumalo sekufe izinsizwa ezimbili ~~xx~~ enye eyakwa Ngwenya enye eyakwa Kumalo, wayesengenile uVaha. Ungena namashinga odwa



Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

omfoka Kubeka uJamu. Se6eyithatha lena yakwaHlu6i 6eyiphonsa kuwona umfula wakwa Bili. Kuthena uku6a iwele yaza6alaza impela eyakwaHlu6i. Phoke yaza6alazela o6ala umfoka Vilakazi uVaha wavuka uhlenya. Kuthena ngakwesokunene lapho ayengakhona yakhumuka eyamaHlu6i. 6ayikweza inta6a. Ya6uyisa umuthi wenta6a (amatshe).

30. Kuthena uku6a ku6enjalo yase iphinda emuva eyama Swazi aka Ndlela noKumalo. Kwafumaniseka ukuthi kwafa a6a6ili kumaSwazi na6akwa Kumalo. Kwathi ngakumaHlu6i kwafa a6awu 6. Kwathi a6aningi kumaSwazi nakuwo amaKumalo 6a6anezingozi eziningi zamatshe nezinduku. Kwazisa ukuthi impi kwakungeyezinduku. Nawo amaHlu6i a6anezingozi eziningi impela. Kuthena uku6a iphele lempi kwase kuxa6ana wona amaNdlela nama Kumalo. Kuthena ngokuthatha kwakhe intombazane kaMahlasela uMku Vilakazi wase exe6ana nama Ndlela ngoku6anga ukusina. Kuthena ngawo umusindo wakhe uSheshe a6akwa Kumalo 6asina kahle impela. Kuthena amaNdlela ngoku6ona ukuthi ehlulwe asusa impi enkulu ngo6a engafuni ukwehlulwa ama-

31. Kumalo. Kuthena ngoku6ona loku uSheshe wa6ona ukuthi uphezu kokufa manjena, ngo6a amaHlu6i ayemuzingela esa6a wona amaSwazi. Phoke uma esexa6ene namaSwazi wafumanisa ukuthi kungcono ukuthutha eduzane nawo amaSwazi. Kanti futhi namaBunu ayemumiseka6i impela ngo6a a6antu 6akhe 6a6enolaka olukhulu 6ehluphanjalo. Kodwa 6a6e isizwana esincane. Uthena uma efika ~~eKopje~~ eKopje Aleen wehlukana nentombazane kaMahlasela uMku. Uthena ehlukana nayoya yisinomntwana uThembani. 6a6anga ukuya ondini. uSheshe wafuna ukukwela uNdi into angayivumanga uMku. Wasuke weqa nengane ~~x~~ yakhe waya ekha6onina Emhlwaneni. Wahlala, kuthena esefile uSheshe wa6uya. Wayogana kwaMaisela Emba6ane.

32. Kwase kusuka uDu6ula umfowa6o ka Mahlasela eyotshena a6akwa Kumalo ukuthi uMku usegane kwa Maisela. Usesuka uMangushu eyaku Mahlasela useyofuna izinkomo ngo6a uMku usegane kwa Maisela. UMahlasela wathi kuhle ayozilo6olisela yena uMangushu. Usehamba uthena uma afike kwaMaisela useqwaga izinkomo zika Maisela ngenkani. Kuthena uku6a a6uye nozo. Wayomungala uMaisela ku Mkhakanyeki. Usethola icala uMangushu. Aka6onaze ayekulelo cala.

MEM

/Kwawukuxa6ana...........

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Kwawukuxa6ana kwa6akwa Kumalo na6akwa Ndlela. Usekhukhulu uManqushu ewela ingagane enhlanayo eqonde kona Ondini. Kuthena noma inkosi yakwa Ndlela ilandelisa amasondo kaManqushu ya6uya endleleni.

33. Ukusinda kwakhe uManqushu.

Ukufa komuzi wenkosi uMkhakanyeki:- Kuthena uku6a inkosi ixa6ane na6akwa Kumalo aya6e isaphila kahle. Kwazisa ukuthi yayisindala. Inkosana yayo kwakuwuGamulakhe. A6anye 6enkosi uSithini, 6enoBedleni. Kuthena uGamulakhe ese6usa kwa6a uyena njalo uMahlasela induna yakhe kuleli lase Khalabasi. Kuthena uma isishada inkosi yaganwa uma Sigweje inkosikazi wakwa Hlathikhulu inkosi ya6akwa Kunene. Kuthena ngokwesa6a a6afowa6o yashadela emuzini ka Mahlasela. .A6antu kwa6a mangaza loku 6athukuthela unphela. Kwathi ingani inkosi iyalotsholelwa yena a6azange 6amulo6olele uGamulakhe ngo6a washadela emuzini ka

34. Mahlasela. Kwa6a uyena uMahlasela olo6olela inkosi yedwana na6antu a6asesifundeni sakhe kuphela. Kuthena uma inkosi isithatha umaNgu6ane yazilo6olela yena. Kanti lenkosikazi izano6ulawu izo6ulala a6anye a6afazi. Kuthena uku6a ishade yaqala ukuse6enzisa u6ulawu i6uthathe kuMgodini Ma6aso. Manjena yathi ukufika na6o inkosi yona ayaze yaphila yahlala ngokugulanjalo njena. Futhi aya6e isaphuma kwa Mangu6ane. Kuthena ngelinye ilanga inkosi izwakunuka ngaphansi kwecansi layo yathi ngokuphenya yafumanisa umuthi usongwenga makhasi ombila usumika. Kwakunomuncithi endlini. Isi6uza ukuthi kuyini lokuna? Usethi unaMangu6ane, "Nda6a yimina engenzeloku". Inkosi isethi, "Ngigula ngenxayakho njena."

35. Isiphuma kwa Mangu6ane isiya kwamaCongco. Kwathi ukufabe. Ya6e isiyafa njalo inkosi. Kwathi namakhosikazi enkosi afawonke nezinye izingane, wasalayena uMangu6ane. A6enkosi amakhosikazi adliwa inyoka lena yo6ula6a umamulambo. Waphela umuzi wenkosi. Kwathi owenkosi uBedleni waphuma emuzini kayise wazakhela owakhe umuzi emaHukwini. Kwasukela khona lapho 6azondana a6enkosi a6antwana 6amikana 6odwa. Kuthena noma esefa uSithini inkosi, aka6onaze ~~xXAxONA~~ ayekhona uBedleni. Kwathi kanti induna yenkosi uNda6ambi

MEM /Nda6a....................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Nda6a u6azisile a6akwa Ndlela a6asesifundeni sika Bedleni a6anaka
36. lutho. Umuntu owaya induna yakhe uBedleni. Umujantshi esesifundeni saseKalabasi. Kwase kuya nenduna yakwa Ningayi uMahlala Nkosi esesifundeni sase Kalabasi. Na6antu 6amakhosi akwaNdlela a6ezwani nezinduna azizwani. Kwasukela ku6o u6ulawu 6enkosikazi yenkosi uMangu6ane. Kukekwenzeka ukuthi uSithini waxa6ana namaHlu6i ngo6aphela usondelene nawo. Uthena okuqala impi yagwazana yehlulwa eyakwa Ndlela. Uthe uma ecela uku6a 6amuleke lele uSithini la6a 6aka Bedleni a6azange 6avume ukumusiza. Wasizwa a6amhlophe a6anqanda amaHlu6i. Inkosi a6ezwana nayo ilena yakwa Mngayi. 6onke la6a 6aphuma eSwazini.

37. Ukuhlatshwa kwenkomo

AmaSwazi inkomo awayihlahleli njengoZulu 6e namaCunu naThembu. Uma inkomo ihlatshwa kula6a 6akwa Ndlela, ihlatshwa ekuseni nomantambama liyoshona ilanga njengaye uZulu. Ku6uthana amadoda esi6ayeni. Intom yokuqala utshwala o6ufunekayo. Amakhosikazi uwazisa kusekude amakhosikazi uku6a alungisele utshwala. Umumzane uzokwazisa amadoda akhe lene nawo. Ukuthi (ngomhlaka) ngelanga elithile ngiyo6e ngisinda. Kuzakuthi ngaleyo mihla a6uthane amadoda. Kuthi uma esephuzile awa6izele esi6ayeni. Sekuzophuma izintambo nemimese nemigwembe. Ase6ona wonke amadoda ukuthi namhlanjena kuya6uswa kwa6ani.

38. Umunumzane uzokhetha indoda ayaziyo ukuthi inesandla esihle. Umuntu ose6enzisa imithi akayihla6i inkomo. Inyama isuke igulise a6antu 6a6ulawe izisu. Kufuneka umuntu o6engaphethe muthi. Isizo6anjwa inkomo i6oshwe ephalini isondezwe kakhulu 6ese 6eyigwaza ngomukhonto. Umakuyinkonyana njena izinsizwa ziyayi 6amba ziyibekise phansi 6ese eyigwaza omunye lapha emusundulweni. Kuzakuthi ingawaphansi 6ese idunyelwa i6ekiswa enzansi seyisikwa entanyeni kukhiwa u6u6ende. U6u6ende 6ukhiwa ngezimbiza. Umasekupheliileku seyiphendulwa ibeka endla. Isiyathiwa. Inkomo oyathuswa okwembuzi nomayimvu a6ushiywa u6oya esifu6eni njengase m6uzini nemvu.

39. Kuzakuthi uma isihlizwa 6ese kuletwa nama joko, nezimbazo,



Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

noma imigxala yasesi6ayeni. Kuzakuthi uma isiyehliswa isikhumbu 6athathe imigxala 6ayishaye 6ehlisa isikhumba. Kukhona inyama okuthiwa impukane iyavama ukuhamba nesikhumba leyonyama 6ese ishaywa ngemigxala nangamajoko. Kuthi, uma isiphelile ukuhlinzwa isizoqaqwa inkomo. Uma iqaqwa inkomo kusetshenziswa imbazo nomu6ese. Inkomo iqaqwa izimbambo. Ivuleke impela kuvele amathumbu. Asazokhishwa lawo mathumbu kanye nontu, nezinso, amaphophu, konke okwanga phakathi. Kuzakuthi umaseku khishiwe konke loku u6ende lukhishwe nomtshaza okwa6afana a6elusayo konke loku. Sekuzo hlahlelwa x manjena. Kuzakuthi umlala ukhishwe

40. uhambe wodwa kanye nomusila nenhloko. 6esekukhishwa isixhanti. Lamathambo omulala ayanqanyulwa.kwenziwe amantshontsho amadoda ekuyiwona e6ehlinza inkomo leyo. Kuthi x uma isiqediwe inkomo isitwalwa ngesikhumba isiwa endlini. Kuzakuthi ngakusasa seyiphindwa futhi ihlahlelwa. Kuthi uma isifakwa ebodweni ifakwa ngokwaziwa ukuthi lena eyamadoda. Inhloko eyamadoda namanqina: Isifu6a esamakhosikazi nezintombi. Inyama lena ya6iwa amadoda wona aziyo kahle ukuthi lena eyo6ani inyama. Eya6afana ugalo, nenhloko yamadoda. Ama<u>Swazi,</u> awayikhiphi inkomo izinsonyama, nenqola, nesifu6a awasikhiphikahle. Nokwa6iwa akufani kundlela eziningi.

41. <u>Uku6aleka kuka Nozililo</u>

U<u>Nozililo,</u> no<u>Mahlasela</u>, no<u>Nyonyana</u> nono<u>Mlumo</u>, la6a a6aka<u>Zikali</u> 6endlu encane kwana <u>Nkosi.</u> Kuthena uku6a afe u<u>Zikali</u> 6asuka o<u>Tugela</u> 6eza enkunzi lapho 6athola khona ukuhlangana nama<u>Hlu6i</u>, na<u>Besuthu</u> futhi. Kuthena ngempi yama<u>Hlu6i</u> nama<u>Ndlela</u> ku6angwa izintombi. u<u>Mahashi Sha6alala</u> yena wayengomuntshene wama<u>Ndlela</u> uthena ngoku6ona ukuthi u<u>Mahlasela</u> ukuza umuhlelo ngodadewa6o amumthisayo wa6aleka waye wazifaka kuma <u>Hlu6i</u>. U6alekanjena u6aleka naye u<u>Nozililo.</u> Usethukuthela u<u>Mahlasela</u> na6afowa6o, se6esusa impi uku6a iyofuna yena u<u>Mahashi</u> no<u>Nozililo.</u> u<u>Mahlasela</u>

42. kwakuyinduna yakwa Ndlela. Sekusuka 6onke <u>a6afowa6o</u> ka<u>Mahashi</u> 6enqa6a ukuyofuna u<u>Mahashi.</u> Sekusuka impi enkulu khona ekhaya phakathi kwa6akwa <u>Vilakazi</u> na6akwa <u>Sha6alala</u>. u<u>Mahashi</u> owomunumuzane

MEM /uBangi.................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s494 K13/21

uBangi Sha6alala naye6elu wakwa Ndlela. Kuthena ukulwakwayo 6ehlulwa a6akwa Sha6alala. Sethumela kuwona amaHlu6i uMahlasela kaZikali uku6a 6akhiphe uMahashi 6eno Nozililo. Awazange avume amaHlu6i asehlangena na6o a6akwa Sha6alala. uMahlasela usethumela impi kuwona amaHlu6i lawo. Kuthe ngoku6ona leku uBangi wakwela uNdi namadodana akhe. AmaHlu6i aye6esa6a la6a 6akwa Ndlela. Maningi amaHlu6i a6aleka noBangi akwela uNdi. Wahamba naye njalo
43. uNozililo. Namhlanjena uNozililo sewakhe phezukwe namakazi. Indodana yakhe uMshangane eyona nkosana. Kwathi encane uDanyela ikhona lapha kulele lakithi eNgula. Yonake yakhe naye uDamane kaBevule ka Mahlasela kwelase Ngula. Yenake uMahashi wafela enamakazi waminza nomufula. Uthena efa uMahlasela 6ase 6exolelene noMahlasela.

END. 494.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.